# NGIYAZI

Singabantu abanenhlanhla impela ukuba lapha kulokhu ukusa, ukuba siphile emhlabeni, ukubona esinye isikhathi esikhulu sePhasika. IPhasika njalo liletha into e—enhle kakhulu kithi, amathemba amasha. Futhi—futhi likhulu kanjani pho!

2 Futhi ngisahamba nje ngingena ekamelweni emuva lapho kulokhu ukusa, umuntu othize uhlangane nami futhi wathi, "Mfowethu Branham, uyazi ingane e—encane, noma umntwana omncane noma othize, wakhulekelwa eChautauqua ngonyaka odlule, ebedinga ukukhishwa inhliziyo yayo, nama-valvu noma okuthize ilungiswe kuyo." Wathi, "Ingane iphilisiwe, futhi isesakhiweni kulokhu ukusa, empeleni, futhi ihlezi lapha kulokhu ukusa." Ngakho lokho kukahle, sizoba nobufakazi obuncane obuvela kuyo mhlawumbe nje ngaphambi kokuba sigadle kwenye inkonzo. Futhi singabantu nje abajabulile.

3 Manje ngizocela uMfowethu Neville uma engathola ukufundwa komBhalo kuMathewu noma uLuka, omunye, wovuko, uma ungakawufundi. Uwufundile yini, mfowethu? [UMfowethu Neville uthi, "Qhabo."—Umhl.] Ngakho, sisalungiselela umkhuleko.

4 Futhi manje okulandela lenkonzo, kuzoba yinkonzo yokuphulukisa. Ngemva kokuba lenkonzo isiphelile, bese-ke niya ekudleni kwenu kwasekuseni. Bese kuthi-ke, emva kwalokho, sizophinde sibuye seligamenxe ihora lesishiyagalolunye futhi siqale enye inkonzo. Bese kuthi-ke izinkonzo zokuphulukisa zizolandela leyo. Bese-ke kuba inkonzo yombhaphathizo izolandela leyo.

5 Yeka isikhathi esihle kanje pho sombhaphathizo! O, hhe! Uvuko! Yingakho sibhaphathiziwe, ngoba Wavuka futhi.

6 Ngikhumbula ngaphambi kokuba sithole ichibi lethu lokubhaphathizela lapha, ngangivame ukubathatha ngibehlisele emfuleni ezansi lapha, kusesekuseni kakhulu, ukusa okupholile okunesithwathwa, futhi ngibhaphathize abantu ezansi lapho emfuleni. Kukhona okuthize ngakho ukuthi, nje, isikhathi esingcwele. IPhasika, isikhathi esikhulu.

Bengibuka uMfowethu Pat Tyler ehlezi ngalapha.

7 Bengikhuluma nomunye izolo ebusuku. Ukuthi, inkonzo yethu yokugcina e-Oklahoma, ngizamile uku, ngiyazama manje (futhi ngizomemezela lokhu) ukubeka eceleni uNkulunkulu aze angibizele ukuba ngikwenze, inkonzo yami endala yokwahlukanisa, ngoba ngicabanga ukuthi (ekuqaleni) yi—yinkonzo entsha ezayo.

8 Ngobunye ubusuku, kungekho namunye owaziyo ngayo, ngayihlola enganeni iza ngasemsamo, yayizelwe iyimpumputhe, ingane; futhi yayiyimpumputhe ngokuphelele, umfana cishe oneminyaka eyishumi nesithupha ubudala. Futhi ngokushesha nje wavele waqhuma wamemeza, "Mfowethu Branham, sengiyabona!" Futhi lapho, noPat waye. . . Ty-. . . eme eduze, ngqo ngakumfana, ngenkathi amehlo akhe evuleka okokuqala empilweni yakhe yonke. Futhi ngakho ngithemba ukuthi ulapha, ngokukhulu ukulindela, nami uqobo, ngibheke okuthize, uNkulunkulu ukuba asenzele khona, futhi asilethe kwelinye izinga kunalelo ebesikulo.

Asikhothamise amakhanda ethu manje senzele umkhuleko.

9 Baba wethu oseZulwini onoMusa, njengoba sibuthene kulokhu ukusa, lapha ebandleni elincane eliseceleni komgwaqo, siyabonga impela ngaWe, ngawo wonke lomzamo kithi, futhi ikakhulukazi kulokhu ukusa kwePhasika. Ukuba kwakungakaze kube nePhasika, ngabe asikho esimeni esikuso namhlanje. Ukuthi, iPhasika yilokho okubeke uphawu konke okwezethembiso zikaNkulunkulu. Kuqinisekisiwe kithi. Yonke into Ake wayethembisa, konke kwenziwa kwaba ngokuphathekayo ngePhasika. Olunye lwezinsuku ezinkulu kunazo zonke zemigubho esingaba nazo ngonyaka! Futhi siyacela, Nkosi, namhlanje, ukuthi Uzoduduza izinhliziyo zethu sisahlala, silindile, futhi singaphansi kokulindela kukaMoya oNgcwele, Oweza emva kwePhasika, ukuba uze phezu kwezinhliziyo zethu nokusiduduza, nokuvuselela ukholo lwethu, ngezilinganiso ezinkulu ezinamandla, ukuze sikwazi ukuhamba impilo uJesu asimisele ukuba siyihambe.

10 Sikhulekela wonke umuntu ngamunye, futhi ikakhulukazi labo abavalelwe futhi abakwazi ukufinyelela ezinkonzweni noma yikuphi namhlanje. Nkulunkulu, yiba nabo. Futhi kwangathi—kwangathi leliPhasika lingabatholela iPhasika langempela, ukuvuka embhedeni, nokuphila okusha abangakaze bakwazi ngaphambilini empilweni. Siphe khona, Nkosi.

11 Kwangathi wonke umshumayeli, yonke inceku Onayo emhlabeni jikelele namhlanje, egubha lesisikhumbuzo esikhulu, kwangathi bangaba nokugcotshwa nokuqina kanye naMandla, ukuletha emabandleni abo (imvu elindile) uKudla uNkulunkulu akugcinele abantu baKhe. Siphe khona, Nkosi. Silindele ingxenye yethu, ngokuzithoba, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Amen.

12 Ngizocela uMfowethu Neville manje ukuba afunde imiBhalo yovuko. [UMfowethu Neville uthi, "uMathewu 28," futhi ufunda umBhalo olandelayo—Umhl.]

> [*Kepha ekupheleni kwesabatha, ngovivi lolokuqala lweviki, kwafika uMariya Magdalena nomunye uMariya beza ukuyobona iliba.*]

[*Futhi, bheka, kwaba khona ukuzamazama komhlaba okukhulu: ngokuba ingelosi yeNkosi yehla ezulwini, yeza yagingqa itshe, yahlala phezu kwalo.*]

[*Ukubonakala kwayo kwakunjengonyazi, nesambatho sayo sasimhlophe njengongqoqwane:*]

[*Kepha abalindi bathuthumela ngokuyesaba, baba njengabafileyo.*]

[*Kodwa ingelosi yaphendula yathi kwabesifazane, Ningesabi nina: ngokuba ngiyazi ukuthi nifuna uJesu, obebethelwe esiphambanweni.*]

[*Akakho lapha: ngokuba uvukile, njengokusho kwakhe. Zanini, nibone indawo lapho iNkosi ibilele khona.*]

[*Hambani masinyane, nitshele abafundi bakhe ukuthi uvukile kwabafileyo; futhi, bhekani, uyanandulela ukuya eGalile; nizakumbona khona: bhekani, nginitshelile.*]

[*Base beshesha bamuka ethuneni benokwesaba nokuthokoza okukhulu; bagijima baya ukubikela abafundi bakhe.*]

[*Besaya kotshela abafundi, bheka, uJesu wabahlangabeza, wathi, Sanibona. Basondela babamba izinyawo zakhe, bakhuleka kuye.*]

[*Khona uJesu wathi kubo, Ningesabi: hambani nibikele abafowethu ukuba bahambe baye eGalile, bayakungibona khona.*]

[*Manje besahamba, bheka, abanye kubalindi bafika emzini, babikela abapristi abakhulu konke okwenzekileyo.*]

[*Sebebuthene namalunga, benza icebo, banika amabutho imali eningi,*]

[*Bathi, Shonini ukuthi, abafundi baKhe beza ebusuku, bameba* bes*alele.*]

[*Uma kuzwakala lokho kumbusi, siyakuncengana naye thina, futhi si*m*vikele.*]

[*Ayeseyithatha imali, enza njengokufundiswa kwawo: lelizwi landa phakathi kwabaJuda kuze kube namuhla.*]

[*Kepha abafundi abayishumi nanye baya eGalile, kuleyo ntaba uJesu ayebayalele yona.*]

[*Sebembona, bakhuleka kuye: kepha abanye bangabaza.*]

[*UJesu wasondela wakhuluma kubo, wathi, Ngiphiwe amandla onke ezulwini nasemhlabeni.*]

[*Ngalokho hambani, nenze izizwe zonke abafundi, nibabhaphathize egameni likaYise, neleNdodana, nelikaMoya oNgcwele:*]

*[Nibafundise ukugcina konke enginiyale ngakho: futhi, bhekani, mina nginani izinsuku zonke, kuze kube sekupheleni kwezwe. Amen.* Akuqoshwanga eteyipini.]

13 . . . yenezele izibusiso zaYo ekufundweni kweZwi laYo.

14 Manje singasho, simemezele futhi manje, ukuthi izinkonzo, futhi ezasekuseni, izoqhubeka sekugamenxe ihora lesishiyagalolunye, lapho nje sisuka kulena, i . . . lenkonzo yasekuseni manje. Futhi ngakho-ke sizoyibiza lena ngokuthi yinkonzo yethu yokuphuma kwelanga. Futhi thina, sinezinto ezinhle kakhulu ukunibikela zona nge—ngemihlangano esidlulile. Futhi sifuna wena ogulayo nohluphekile, nonke, ukuba nize ngokukholwa kulokhu ukusa, ukukholwa ukuthi loJesu ovusiwe ukhona namhlanje, futhi Usenguye nje njengoba Wayelokhu enjalo. Akakaze aguquke nakanci.

15 Manje ngifuna ukufunda ingxenye encane yomBhalo lapha, etholakala esahlukweni 19 sikaJobe, ngiqale ngevesi 15.

*Abagogobele endlini ya*mi*, . . . izincekukazi zami, bangishaya umfokazi: ngingowezizwe emehlweni abo.*

*Ngabiza inceku yami, kayingiphenduli; ngayinxusa ngomlomo wami.*

*Umoya wami mubi kumkami, ngiyanuka kubantwana be*nyama *yami uqobo.*

*Yebo, nezingane ziyangidelela; uma ngivuka, zikhuluma ngami.*

*Ababeyizifuba zami bayanengwa yimi; labo engangibathanda sebengifulathele.*

Amathambo *ami* anamathela *esikhumbeni sami nasenyameni yami, ngisinde ngokulambisa kuphela.*

*Ngihawukeleni, ngihawukeleni, O nina bangane bami; ngokuba isandla sikaNkulunkulu* si*ngithintile.*

*Ningizingelelani njengoNkulunkulu, ningasuthi ngenyama yami na?*

*O sengathi amazwi ami* manje abe*ngalotshwa! o sengathi angabhalwa* ngepeni *encwadini!*

*Aqoshwe edwaleni ngepeni lensimbi nangomthofu kuze kube phakade.*

*Kepha mina ngiyazi . . . umhlengi wami ukhona, ekupheleni uyakuma othulini:*

*Nalapho . . . izibungu zesikhumba* zishabalalisa *lomzimba, nokho ngiyakumbuka uNkulunkulu enyameni yami.*

*Engiyakumbona uqobo lwami,...amehlo ami ayakumbona, kungabi njengomfokazi; nakuba okuphakathi kwami kuyaphela esifubeni sami.*

16 Ngizothanda ukuthatha indikimba lapho, etholakala kuloJobe 19. *Ngiyazi*.

17 Ukhokho kulesisikhathi wayenjengalokhu esiyikho namhlanje. Wayekade esezinkingeni ezijulile, njengoba sikubiza ngokuthi, "amanzi aphakeme," futhi wayeshisekele. Izinsuku eziningi wayehlala endundumeni yomlotha, futhi wayezama ukuthola amagama ukuba amduduze, ezama ukuthola into ethize ezomkhuthaza, futhi into ethize ebinga—ngaba yinduduzo kuye njengoba wayebonile ukuphila kushabalala kuphuma kuye.

18 Indawo yokuqala, wayeyikhehla, cishe eneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, futhi wayeshaywe isandla sikaNkulunkulu. Manje, siyazi ukuthi uNkulunkulu wayengamthintanga ngesandla saKhe, kodwa ukuthi uNkulunkulu wayevumele uSathane ukuba amthinte. UNkulunkulu kuphela unezithunywa zokwenza izinto. UNkulunkulu ufuna ububi benziwe, Uvele akhulule uSathane ukuba akwenze. Futhi uma Efuna okuhle kwenziwe, Unezinceku zaKhe Azikhululayo ukuba zikwenze.

19 Futhi uSathane wayemthintile uJobe ngenhloso, ukumvivinya, ngoba yena noNkulunkulu baba nenkulumo-mpikiswano. NoNkulunkulu watshela uSathane ukuthi, "Nginenceku emhlabeni, akekho ofana nayo. Noma yini eNgiyisho kuyo, iyoyenza. Iyindoda ephelele, nendoda elungile."

20 NoSathane wathi, "Uma Ungangivumela ukuba ngimthole, ngizomenza aKuthuke ebusweni baKho."

21 UJobe, engazazi zonke lezizinto eziqhubekayo, kwaletha ukhokho ekucindezelekeni okujulile. Nokho, ngandlela-thize, lapho konke sekusukile kuye, wayelokhu eyigcina indawo yakhe ku—kuKristu. "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona," washo.

22 Manje sifika kulezo zindawo. Sonke siyafika. Futhi ngiyakholwa ukuthi namhlanje, ukuthi sibuthanele okuthize lapha njengaleyonhloso efanayo. Sonke sisendundumeni yomlotha. Sinezinkinga zethu, izimo zethu ezingajabulisi nezijabulisayo, nezikhathi zethu—zethu ezimbi, nezifo zethu, nobuhlungu bethu benhliziyo, nezinjabhiso zethu. Ngakho siza sinjena, ekuseni, kulokhu ukusa kwePhasika, ukuthola amagama enduduzo, njengoba uJobe wayezama ukuthola kubangani bakhe.

23 Akekho namunye wabo owakwazi ukumnika noma iyiphi induduzo. Ngenxa yenkathazo yakhe, babembeka icala ngokuba yisoni sangasese. Bese-ke, phakathi kwayo yonke leyonkathazo, uNkulunkulu wamtakula.

24 UJobe wayebuza. Njengoba wayazi, kungesikho kuphela ukugula kwakhe namathumba akhe, nenkinga nobuhlungu benhliziyo, ngokulahlekelwa ngumndeni wakhe nawo wonke umcebo wakhe, wayeselungele nje ukuthatha impilo yakhe; kodwa wayeyikhehla, esegugile impela, futhi ngokwazi ukuthi wayehlela ethuneni. Futhi, azi ukuthi, wayekholwa ukuthi kwakukhona umuntu othize owamletha emhlabeni, wayengeke nje akwazi ukuzizela lapha ngokwakhe. Futhi wayazi ukuthi uvela kubaba nomama, kepha, nokho, lowobaba nomama babefanele babe nomuntu othize obalethayo nabo. Futhi kwakuzohamba kuphinde kubuyele emuva ekuqaleni, "Ngubani owaletha owokuqala, oyedwa na?"

25 Wayesezibuza lokhu-ke. "Kuyinto eyinqaba ukuthi nakhu ngilapha, ngiyahambahamba, impilo ephakeme kunaleyo isilwane esiyiyo, nempilo ephakeme kunempilo yesihlahla." Kodwa nokho sithola ukuthi wathi, "Uma isihlahla sifa, siyophinde siphile futhi. Futhi uma i—imbali ifa, iyobuya iphile futhi." Kepha wathi, "Umuntu ulala phansi, uyagqashuka, futhi ukuphi na? Amadodana akhe ayeza ukuzomlilela nokuhlonipha, futhi akakuboni." Futhi wayezibuza, "Kwakuyini indaba ngoNkulunkulu ukuba—ukuba avumele impilo enjalo iphile futhi, njengezimbali nezitshalo, kodwa umuntu angekwazi ukuphinde aphile futhi na?" Konke lokhu kwamenza wakhathazeka.

26 Futhi uma sizokudonsa kulesi siphetho kulokhu ukusa. Futhi yilokho esikuzele lapha. Siyizwile indatshana yePhasika, iphindwa phindwa, futhi ifundwa emuva naphambili; futhi namhlanje, ekusakazweni komsakazo wakho, uyozwa abashumayeli abehlukene besondela kuyo. Kodwa engikucabangile, ngeqembu lami elincane kulokhu ukusa, iNkosi engiphe lona, ngizosondela kuyo ngenye indlela eyehlukile uma ngingakwazi, ngiza endaweni ethi: Kungani siza kulezizinkinga na? Yini eyenza lezizinto zize na? Kungani umKristu efanele ahlale ekhathazekile na? Kungani yonke into, nje ihambe ngokuphelele kumKristu na? Kodwa ayikwenzi, futhi siyakwazi.

27 Futhi ngezinye izikhathi siba nezinkinga eziningi lapho siba ngumKristu kunebesinazo ngenkathi siseyizoni. Kusobala, Kulotshiwe, "Ziningi izinhlupheko zalabalungileyo, kepha uNkulunkulu umkhulula kuzo zonke." UNkulunkulu wethembisa izinhlupheko eziningi, imizwa engajwayelekile, nezinto ezingejwayelekile eziyoba ngaphezu kokuqonda kwethu, kodwa sonke isikhathi kwenzelwa ukusisiza. Singeke nje sakuqonda, ngoba, ukube besikuqondile, khona-ke bekungeke kube ukukholwa kithi; besiyohamba ngokuqonda. Kodwa siyakwenza, futhi sinakho, futhi siyakholwa ngokukholwa, iZwi laKhe, ukuthi kusebenzelana kube ngokuhle kithi. Uma singakubamba lokho namhlanje, kulo—kulokhu ukusa. Uma nje

singakubamba ukuthi zonke izinkinga zethu. . .Futhi akekho namunye wethu ogomekile kuzo. Futhi uma besingaqonda ukuthi lezo zinto ezokusisiza!

28 Kulotshiwe, kweminye yemiBhalo eBhayibhelini, ukuthi, "Izivivinyo zilethwa phezu kwethu, ziligugu kakhulu kithi kunegolide qobo lwalo, ngoba nguNkulunkulu osinika lezizivivinyo." Emva kokuba sesibe yimpahla yaKhe, ukuvuma kwethu nokubhaphathizwa kwethu, nesethembiso sethu sokuhamba ekuphileni ngenxa yaKhe, khona-ke sonke isivivinyo esiza phezu kwethu esokusiphelelisela inkazimulo yaKhe. Esokusiletha endaweni lapho uNkulunkulu angazenza Yena uqobo aphatheke kakhulu kithi kunalokho Ayeyikho ngaphambi kokufika kwesivivinyo.

29 Ngifuna ukujoyinana noJobe kulokhu ukusa, ukusho ukuthi ngihlale isikhathi eside ngokwenele ukwazi ukuthi lelo yiQiniso. Ngikubonile empilweni yami uqobo, ukuthi sonke isikhathi lapho isimo esikhulu sivuka, ukuthi angikwazi ukusizungeza, noma ngaphansi kwaso noma ngaphezu kwaso, uNkulunkulu wenza indlela, futhi iphuma ingekhazimulayo. Ngiyazibuza nje ukuthi umusa waKhe uze ukwenze kanjani, kepha Uyakwenza.

30 Futhi khumbulani, kuzo zonke lezizinto, uSathane uzama ukusenza sibe nokwethuka, futhi asithukuthelise, ukuze asenze sicabange ukuthi, "O, kungani *lokhu* kwenzeka na? Kungani bengingeke ngikwazi ukuba ka*nje* na?"

31 Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule lapho ngiphuma kwenhle kakhulu kunazo zonke, futhi indawo ekhangayo kakhulu engake ngayibona empilweni yami yonke, kwakuyisakhiwo esikhulu sikamfowethu, uOral Roberts. Ngenkathi ngibona leyomabuli eqinile, futhi ingenawindi kuyo nhlobo, kodwa salungiswa kanjani pho! Futhi ngike ngaba seHollywood futhi ngibe sezigodlweni zamakhosi, futhi ngibe kuyo yonke indawo ekhona, cishe, emhlabeni wonke jikelele, nazozonke ezibukhazikhazi, izindawo ezithandekayo nekhaya, kodwa angikaze ngibone noma yini, noma yiyiphi indawo, engingayiqhathanisa, naso, lutho nhlobo. Indlela owaya abancane be-aluminiyamu abalukeke ngayo nga—ngaphakathi ndawonye, futhi, o, angikaze ngibone noma yini ekhanga kangako empilweni yami yonke. Ngenkathi ngihamba ngedlula lapho, futhi ngathatha izandla zami futhi ngahlikihla lawomapali asekele, ne—negranayithi enkulu; konke ngesimo sikaziqu-zintathu zikaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, i—imidwebo egwediwe yakho. Zonke lezo zinto! Ngangisanda kubuya kwekaMfowethu Tommy Osborn, futhi ngabona owakhe omkhulu, umsebenzi onamandla weNkosi.

32 Ngama ngaphandle, ngabuka emuva kuleso sakhiwo, futhi ngacabanga, "Nkulunkulu, impela sengibe ngumzenzisi, impela sengibe ngumlahlwa, ndawana thize; ngoba, izinkonzo

zalamadoda zedlula eyami." Futhi ngacabanga, "Ini? Mhlawumbe angethenjwa kakhulu, Nkosi, ukuthi Ubungeke wangethemba nganoma yini enjalo. Ngisho namancane, amadola ambalwa Ongivumela ngiwakhokhe ngemikhankaso nezinto, manje sebezama ukungithumela etilongweni ngawo. Futhi kungani ngingumzenzisi onje pho, noma kungani ngingumuntu ongethembakali na?"

Ngangisendundumeni yomlotha, njengoba uJobe wasendulo wayekuyo.

33 Ngenkathi ngime ngaphandle lapho, ngingakwazi ngisho nokuthola ukuphefumula kwami, ebuhleni obubabazekayo obunjalo; ukuthi umfana ompofu ozalwa edlwaneni nje, iPentecostal, angenza futhi alethe lokho kuleso sakhiwo esikhulukazi kakhulu. Futhi ngacabanga, "O Nkulunkulu, mhlawumbe angikafaneleki."

34 Khona lapho nje iPhimbo elincane lehla ngalabo vulande, futhi lathi, "Kodwa Ngiyisabelo sakho."

35 Khona-ke ngacabanga, "O Nkosi Nkulunkulu, o, vumela lokho nje kuhlale ngaleyondlela, khona-ke, Nkosi. Ngi . . . ngoba bengingeke ngibe nokuhlakanipha ukuKuqhubela umsebenzi omkhulu okanjalo. Futhi ngingumuntu o—ongafundile. Kodwa, kuphela nje uma Uyisabelo sami, ngingowaKho, futhi Uzongihola. Bengingeke ngizihole ngokwami. Kodwa, O Nkosi, ngihole!"

36 Yilawo mahora abucayi asicindezelela kulezozihlabathi ezingcwele. KwakuseBhayibhelini. Futhi khumbulani, akunandaba ukuthi usizi lukhulu kangakanani, uSathane angeke ayithathe impilo yakho aze uNkulunkulu aqede ngawe. Akukho lutho olungenzeka kuwe ngaphandle uma uNkulunkulu eluvumela. Akukho bubi obungafika ngaphandle uma uNkulunkulu ebuvumela. Futhi lokho Ukwenzela ukukusiza. Asicabange.

37 Lapho ngenkathi izikhukhula ziza ukuzobhubhisa umhlaba, zazingakwazi ukubhubhisa uNowa. UNowa wayengeke abhujiswe, ngenxa yokuthi uNkulunkulu wayenomsebenzi afanele amenzele wona.

38 Ngoluye usuku, ezansi esizweni esikhulu ngaphansi kobugqila obukhulu, kwakunabanye abantwana bamaHeberu esibazi ngokuthi uShadraki noMeshaki no-Abednigo. Futhi kwafika endaweni lapho babedingeka benze isinqumo, ukuthi kwakudingeka kwenziwe okuthize. Babene . . . Ukukholwa kwabo—kwabo—kwabo kwahlolwa.

39 Futhi lapho ukukholwa kwakho kuvivinywa, khona-ke ungehluleki. Hlala ngqo nalokho okukholwayo.

40 Futhi lapho bebhekene nabo, ukukholwa kwafakwa ekuhlolweni. Futhi baya ehoreni elibucayi. Akugcinanga

kuphela nje ngokuthi baya endundumeni yo—yomlotha, kodwa bangena esithandweni somlilo. Kodwa uSathane akakwazanga ukubabhubhisa, ngoba injongo kaNkulunkulu yayingakagcwaliseki. Babengangena lapho nalelithemba, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona!" Babengangena lapho benalelithemba lapha, "Sinesiqiniseko ukuthi uNkulunkulu angakwazi ukusikhulula kulesi sithando somlilo, kodwa, noma kunjalo, singeke sikhothame esithixweni."

41 USathane wayengeke akwazi ukubathatha. Akakwazanga ukuminzisa uNowa kuzamcolo, kuze kuba inhloso kaNkulunkulu isiphelelisiwe. Akakwazanga ukushisa abantwana bamaHeberu, kuze kuba inhloso kaNkulunkulu isiphelelisiwe. Wayengeke akwazi ukubulala uJobe ngamathumba nezinkinga, kuze kuba inhloso kaNkulunkulu isiphelelisiwe. Kanjalo namabhubesi awakwazanga ukudla uDanyeli, kuze kuba inhloso kaNkulunkulu isiphelelisiwe. Kanjalo kungeke nokufa nokuguga kumthathe uAbrahama, kuze kuba inhloso kaNkulunkulu isiphelelisiwe.

42 Futhi kanjalo kungeke kukuthathe nawe, noma kuthathe mina, kuze kuba inhloso kaNkulunkulu, ngokuphila kwethu, isiphelele. Ngakho, sibuthana lapho, induduzo.

43 Futhi kungani uNkulunkulu avumele izinkinga zize na? UNkulunkulu ubamba amahhanisi izinkinga, afake amatomu emlonyeni ayo futhi ayenze ukuba ilalele Yena, nalezo zinkinga zisiletha enhlanganyelweni esondele noNkulunkulu.

44 Kwakungekho nethingo lenkosazane kwaze kwafika uzamcolo. Kodwa emva kokuba uNowa esecindezelwe kulesosimo ayekuso, ukuthi entante izinsuku ezingamashumi amane nobusuku, esiphephweni, nomkhumbi omncane ugxuma uya phansi naphezulu emanzini; kwakungemva kokuphela kukazamcolo, lapho ebona khona ithingo lenkosazana okokuqala nqa, isivumelwano sethemba, isivumelwano sesethembiso. Emva kokuba esedlule ezinhluphweni, wase-ke eyasibona isethembiso.

45 Yileyo indlela obona ngayo isethembiso, emva kokuba sewedlule enhluphweni. Ngiyithandile leyonkondlo, noma ihubo:

> Ngifanele ngithwalwe ngiye'khaya eZulwini
> Ngombhede wezimbali olula,
> Abanye balwela ukuzuza umklomelo
> Futhi bantweza ezilwandle ezinegazi?

46 Sicela induduzo nokuthula. UNkulunkulu usinika okwedlula konke Abengasinika khona, izivivinyo nezinhlupho. Lokho kungcono kunokududuza nokuthula. Izinduduzo zethu zingaphesheya komfula nje.

47 Kwaze kwaba yilapho abantwana bamaHeberu baphoqelelwa esithandweni somlilo, kwesinye sezivivinyo

zabo ezivelele, ukuthi babonwa noMunye ofana neNdodana kaNkulunkulu eme phakathi wabo. Izinkinga zabo zaveza iNdodana kaNkulunkulu ime phakathi wabo, emimoyeni yasolwandle, ukuphephetha umoya oshisayo. Kodwa akubanga njalo baze bangena emlilweni wase lowoMduduzi eyavela.

48 KwakunguDanyeli owayehlosile enhliziyweni yakhe ukuthi angeke azingcolise ngezinto zezwe, futhi waphoqelelwa ngokuvivinywa, ukuthi ngabe uzokhuleka yini kuNkulunkulu noma aye emphandwini wezingonyama. Kodwa kwakusemva kokuba ukushisa kwasekokheliwe, futhi waphonswa emphandwini wezingonyama, ukuthi, emva kwalokho, wabona iNgelosi yeNkosi ime phakathi kwakhe, ukudedisa, leyoNsika yoMlilo enkulu ime phakathi kwakhe nezingonyama. Nazingonyama azikwazanga ukumthola, ngoba wayedlule ezivivinyweni nezilingo nezinkinga. Futhi wayazi ukuthi uNkulunkulu wakhe wayengakwazi ukumkhulula kulokho.

49 Kwakungu-Abrahama, emva kokuba ebone umhlaba uba yinyumba, nesomiso siza, futhi uLoti wazehlukanisa futhi waya ezansi ukuyophila kamnandi emhlabeni. Kwakusemva kokuba ezwe ukulila nokukhala kwa—kwabelusi bakhe, bengenatshani bezinkomo zakhe, kodwa waqhubeka wahlala kulelolizwe uNkulunkulu ayemnike lona futhi wamtshela ukuthi agongobale kulo. Futhi njengoba ngalolosuku, emva kokuba esevivinyiwe kwaze kwaba ukubekezela kwakhe—kwakhe kwaba sekugcineni, kwaba ngalolosuku ukuthi, emva kokuba ukuvivinywa sekuphelile, wakhuluma ubuso nobuso no-Elohim ngaphansi kom-okhi ngalolosuku. Kwakusemva kokuba esedlulile ezivivinyweni zakhe, emva kokuba esedlule ezinkingeni ayekade edlule kuzo, ukuthi uNkulunkulu wabe esebonakala kuye ngesimo soMuntu; futhi wahlala lapho futhi wamtshela ukuthi wayeshadile negama lomkakhe kwakunguSara, wase ethi owesifazane uMhlekile, ethendeni ngemuva. Kwakuyilapho uAbrahama aMbiza khona ngo "Elohim." Kwakusemva kwezivivinyo nezinhlupho.

50 O, ukube iBandla belingavuka kuLo uqobo namhlanje, ukuthola ukuthi emva kwezinkinga nokuvivinywa, nokuhleka nokuhlekiswa ngawe, izinto iBandla eledlule kuzo, iBandla lasepentekoste; ukuthi sibona uNkulunkulu phakathi kwethu, enza izibonakaliso ezinkulu, nezimangaliso.

> Emva kokukhandleka nezinkinga zosuku,
> Emva kokuba konke sekwedlule,
> Khona-ke siyakumbona uJesu ekugcineni.
>
> Uzobe engilindile,
> UJesu ongachemile kakhulu noqinisile,
> Esihlalweni saKhe sobukhosi esihle,
> Uzosemukela eKhaya
> Emva kokuba usuku selwedlule.

Kusesemini, ake sisebenze.

51 Onke lamadoda amakhulu, lokho okungathatha ingxenye enkulu yenkonzo yethu yasekuseni, ekungeneni ukubalula lokho. Bedlula ezivivinyweni, futhi babona uNkulunkulu. Bedlula ezivivinyweni, futhi babona iziNgelosi. Bedlula ezivivinyweni; nezambulo, futhi babona izibonakaliso nezimangaliso, nezinto.

52 Kodwa, o, akekho namunye wabo owabona lokho uJobe akubona. Onke lawomadoda, emva kokubona iziNgelosi, nokubona uNkulunkulu nazo zonke lezizinto, abazange babone lutho okungabanika amathemba ngale kwethuna. Kodwa uJobe wabona uvuko! Wabona iPhasika. Wabona into eduduza yonke inhliziyo. Ngakho-ke lapho esekwenzile, "O kwangathi amazwi ami ayengalotshwa encwadini! O kwangathi ayengaqoshwa ngepeni lensimbi, edwaleni!"

53 Niyabo, khona, yonke into yase imjikele. Ezakhe, ngisho nezinceku zakhe zazingakhulumi naye. Umkakhe wayeyisihambi. Nango ehlezi, endundumeni yomlotha, leso sivivinyo esikhulu. Nebandla liyafika, futhi lamfulathela, izinsuku eziyisikhombisa. Futhi kungekho ngisho namunye ozomduduza!

54 Khona-ke ufanele ukuthi wabona umbono ngePhasika, ngenkathi ekhala, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona, futhi ezinsukwini zokugcina Uyokuma emhlabeni. Ngiyazi! O kwangathi emazwi ami angalotshwa ngepeni lensimbi, etsheni, ukuze amazwi ami angabe esashabalala aphele, ngoba ngiyazi uMhlengi wami ukhona! Ngiyazi! Ngiyazi!"

55 Wazi ini, Jobe na? "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona." Ngabe niqaphelile, hhayi nje kuphela ukuthi kwakukhona uMuntu othize ophilayo, kodwa WayenguMhlengi kuJobe!

56 O, alibusiswe iGama leNkosi. Ngijabula kakhulu ukuthi ngiyingxenye yePhasika, ukuthi ngiyingxenye yalolovuko! Futhi siyingxenye yakho kulokhu ukusa, ngoba kithi kuhlala lokho kuPhila kovuko (lokho ngukuthi, umhlanganyeli) owaletha iPhasika. "Ngiyazi ukuthi uMhlengi wami . . ." Yini oyaziyo na? Angikuqageli; sinokuqagela okuningi kakhulu namhlanje. "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona!" Yebo, mnumzane.

57 Manje Wayeyini na? Uma Wayephila, WayenguMhlengi kuJobe. "Wami," uqondene naye, *wami*, "uMhlengi wami ukhona!"

58 Futhi yini enye oyaziyo, Jobe na? Yini oyibonile kulowo mbono na? "Futhi ezinsukwini zokugcina, Uyakuma emhlabeni. Futhi nakuba izibungu zesikhumba zibhubhisa umzimba wami, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu, Lowo engiyakuzibonela yena qobo lwami. Ngiyazi uMhlengi wami ukhona, futhi Uyokuma osukwini lokugcina emhlabeni. Nakuba amatomu ami esephelile ngaphakathi kimi, nakuba izibungu

zesikhumba zibhubhisa umzimba wami, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu." Ngalapho kwakunombono omkhulu kakhulu.

59 UDanyeli wabona iNgelosi. Abantwana bamaHeberu babona iNdodana kaNkulunkulu. UNowa wabona ithingo lenkosazana. UAbrahama wabona uNkulunkulu, ubuso nobuso. Kodwa, uJobe wabona uvuko, uJobe wabuka phambili. Bonke okhokho nabangcwele abakhulu, beBhayibheli, babuka phambili kulolo suku; ngesiqiniseko, ngemibono yabo, ngezambulo zabo, ukuthi kwakuyofika isikhathi sovuko.

60 Manje sibona imisebenzi emikhulu iqhubeka. Sibona amandla amakhulu kaNkulunkulu. Sibona izinto ezinkulu Angazenza. Bewungeke ubuke ilanga futhi—futhi wazi ukuthi akusiwo aMandla kaNkulunkulu aletha lowomhlaba uzungeleze lelolanga. Bewungeke ubone intwasahlobo iza ngaphandle kokwazi ukuthi kwakunoNkulunkulu. Ungabona ukuphiliswa kwamehlo aphuphuthekile, izindlebe eziyisithulu, wazi ukuthi nguNkulunkulu. Kodwa ukube-ke kwakuyilokho kuphela okwakukhona, futhi emva kokuba sesifile sasesihambile na? Kodwa uvuko, iPhasika, o, yilokho okwanamathelisa ngophawu konke uNkulunkulu ake akwethembisa, kwaba nguvuko.

61 Futhi babefanele babe nokubethelwa, ngaphambi kokuba ube novuko. Futhi ngaphambi kokuba iBandla like likwazi ukubona aMandla avusiwe, ngaphambi kokuba ngingabona inkonzo entsha yenzeka qobo lwami, ngaphambi kokuba ungene enhlanganyelweni entsha noNkulunkulu, lapho kufanele kube nokuzibethela kwakho uqobo ukuze kufike uvuko. Sifanele sife nya emicabangweni yethu uqobo, sife ezindleleni zethu uqobo, sife kuyoyonke into esizungezile, sedlule ezivivinyweni nezinhlupho, ukuze sibone uvuko olusha, iMpilo entsha. Ngaphambi kokuba isoni size sibe ngumKristu, kufanele kufike ukufa, bese-ke kuba uvuko.

62 Ngaphambi kokuba uAbrahama abone uElohim, kwakudingeka kube neminyaka engamashumi amabili nanhlanu yokuhlolwa. Ngaphambi kokuba abantwana bamaHeberu babone iNdodana kaNkulunkulu, kwakudingeka bangene esithandweni somlilo. Ngaphambi kokuba uDanyeli abone iNgelosi, wadingeka ukuba angene emphandwini wezingonyama. Ngaphambi kokuba uJobe akwazi ukubona uvuko, kwakudingeka ukuba angene futhi alahlekelwe yikho konke ayenakho; kodwa-ke, ngombono, wabona!

63 Futhi uma uJobe ngombono ubengama aqine kakhulu esethembisweni, kangakanani-ke ngathi ebesifanele sikwenze, emva kokuba uKristu esevukile kwabafileyo futhi waba uLibo lokuQala lwalabo ababelele, futhi wathumela emuva uMoya oNgcwele njengophawu lwesethembiso, kithi, ukuba nathi siphile. "Ngoba ngiphila Mina, nani niyaphila futhi!"

Ukubona uBukhona baKhe obukhulu phakathi wethu, busebenza, benza izibonakaliso ezifanayo nezimangaliso Azenza emhlabeni, esinikeza amathemba. Futhi siza ovukweni, besese siqhubeke sihlale ezindundumeni zomlotha wethu na? Asisuke endundumeni yomlotha namhlanje, ngombono omusha, ngaMandla amasha, ngokuzimisela okusha ukuthi sibona uNkulunkulu eMandleni aKhe. Sibona uvuko lwezinto ezizayo.

64 Sisesikhathini sokufa. Sihlezi eminyango yokufa. Izizwe ziseminyango yokufa.

65 IRashiya isithole isikhali esisha manje, njengoba nonke nizwile emsakazweni nento. Abadingeki ukuba beze ngapha futhi bayiqhumise ngebhomu. Bangaletha into ethize encane lapha, futhi bangene phakathi kwezinhloli zabo, bese bephonsela into encane phandle kunoma yisiphi isizwe, futhi wonke umuntu uzoba ngokhubazekile emahoreni angamashumi amabili nane. Beze ngalapha futhi, lapho uvuka, sekunomRashiya okukhahlela ohlangothini, unogada omkhulu ongumRashiya engamele ikhaya lakho, edlwengula umkakho, ephonsela abantwana bakho ngaphandle esitaladini, bese ethatha ikhaya lakho. Bangakwenza. Bangeke balahlekelwe nanto yinye. Bakutholile. Akekho owaziyo ukuthi kuyini. Niyabo, yonke into isebenzelana phakathi. Manje bangasebenzisa lokho futhi bangabi nokukwesaba, ngoba akekho omunye onakho.

66 Asazi ukuthi kuyofika kanjani, ukuthi kuzokwenzekani. Kodwa sazi into yinye, ukuthi sisendundumeni yomlotha. Isizwe, sisendundumeni yomlotha. Umhlaba usendundumeni yomlotha.

67 Futhi ngenxa yokuthi umhlaba usendundumeni yomlotha, ngijabula kakhulu ukuthi uMoya kaNkulunkulu ungafika, futhi singathi, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona, futhi osukwini lokugcina Uyoma phezu komhlaba!" Ngoluye usuku Uyofika! Akumangalisi imbongi yabhala:

> Ephila, Wangithanda. Efa, Wangisindisa.
> Embelwa, Wathwala izono zami zaya kude.
> Evuka, Walungisisa ngesihle inguna phakade.
> Ngoluye usuku Uyeza, o, usuku olukhazimulayo!

68 Kwabiza iGetsemane, amathonsi eGazi adlule aphume esikhunjeni saKhe, ngaphambi kwalokho. Futhi kwabiza usizi olukhulu lwaseKalvari, ngaphambi kokuba kufike ubufakazi bukaNkulunkulu ongunaPhakade Ongavusa abafile. Kwabiza i—kwabiza iGetsemane neKalvari, ukwenza iPhasika. Impela kwenza.

69 Kanjani labo baphostoli, ngalokho kusa, ngenkathi bephele amandla kakhulu, waze uPetru wathi, "Ngiphele amandla kakhulu, ngikholwa ukuthi ngizobuyela nje ekudobeni futhi. Ngizobuyela emuva ezansi. Mina, ngiMbonile."

70 Babenamathemba amakhulu, futhi bakholwa nayoyonke into, kwaze kwafika leyondawo enkulu emnyama. Wayenzani uNkulunkulu na? Wayeletha labo baphostoli endundumeni yomlotha. Wayebaletha endaweni eya lapho babengaba nokukholwa kwabo kuqinisekisiwe kubo.

71 NoPetru wathi, "Ngi—ngiMbonile enza izimangaliso ezinkulu ezansi ngaseGalile. Kodwa, o, Ulele ngaleya, efile, futhi uyabanda, ethuneni! Ngikholwa ukuthi ngizokwehlela olwandle kulokhu ukusa bese ngiphonsela inethi phakathi, futhi ngihambe nje ngiyodoba. Mhlawumbe ngingabuka ngaphesheya kolwandle ngaleya, futhi ngizothola. Ngikhumbula ngiMbona ngenkathi Esilindile ogwini. Ngikholwa ukuthi ngizokwehla nje."

72 Nabaphostoli bathi, "Uyazi ukuthini? Ngikholwa ukuthi ngizohamba nawe nje." O, babeluhlaza-okwesibhakabhaka. Babekhale amehlo abo aze avuvukala.

73 Sazi kanjani ukwedlula kulezo zindawo! Sazi kanjani! Sonke sizejwayele lezo zinto.

74 Ngikhumbula ngenkathi ngibeka oligugu ngaleya ethuneni, phezulu esicongweni segquma ngaleya, elibizwa ngokuthi yi-Eastern, noma i-Walnut Ridge Cemetery. Yeka indlela engabeka ngayo ingane encane lapho! Futhi ngangikhala engalweni kamama, ngaze, ngakhala ngaze ngangasakwazi ukukhala nhlobo. Ngangenze konke engangingakwazi. Ngaze, ngathatha isibhamu, ukuzama ukuzibulala, ngangisesikhathini esinjalo. Futhi kwakungalelohora, kulelokamelo elincane phezulu lapho, ngiguqe ngamadolo ami, ukuthi amaZulu avuleka, futhi ngambona emile lapho ebuhleni bokungafi. Kwakukulelohora engazizwela izingalo zakhe zingigaxa emahlombe ami, wathi, "Bill, awuqondi. Sincono kakhulu kunawe."

75 Niyabona, kubiza ukubethelwa. Kubiza ukugxotshwa kwembali, ukuletha iphunga kuyo. Kubiza ukugxotshwa kwempilo, ukuze uthole okungcono kunakho konke kukho okukhona. Yingakho uJesu kwadingeka agxotshwe, ukuveza lokho Ayeyikho. Wayengeke ame ngaphambi kokubethelwa, athi, "Nginikiwe onke amandla emaZulwini nasemhlabeni esandleni saMi." Kodwa emva kokubethelwa, Wayekwazi ukuma futhi athi, "Nginikiwe onke amandla emaZulwini nasemhlabeni esandleni saMi!" Kodwa kwenzani na? Kwabiza ukubethelwa kuqala.

76 Kwabiza ukugxotshwa nokuphoxeka kwabaphostoli. Babembonile uMsindisi wabo, Lowo abebamthanda, futhi baMbona ngisho evusa abafileyo e—ethuneni. BabeMbonile enza lokho. Futhi ngakho-ke cabanga, "Nango Elele, ebanda, ethuneni, Yena uqobo, kulokhu ukusa." Kwabiza i . . .

77 Labo bantu ababeMbonile evula amehlo empumputhe, baMbona ema lapho futhi abone yona kanye imicabango

eyayisezinhliziyweni zabantu, "Wayazi kanjani," babengasho, "ukuthi bona babeMlandela na? Wayazi kanjani na? Akamazanga ngani uJudasi, uJudasi waye—wayezoMkhaphela na? Akazanga ngani ukuthi amabutho ayeza lapho entabeni, neziduku eziqinile nezinkemba nakho konke, ukuba aMthole, uma ngabe Wayekwazi ukubona imicabango yabo na?"

78 Niyabo, udeveli wayesebenza kubo, ebabeka endundumeni yomlotha, ngoba babefuna ukubanika ubufakazi bokuthi "Ngiyazi." (Hhayi ukuthi "ngiyaqagela" noma "mhlawumbe kunjalo.") "Ngiyazi! Ngiyazi!"

79 Futhi khumbulani, lezo zilingo zilethwa phezu kwakho ngendlela efanayo, ukuze ungeke uthi, "Awu, mhlawumbe Lokhu kulungile, mhlawumbe umBhalo uqinisile, mhlawumbe ukuphulukisa kukaNkulunkulu kulungile, mhlawumbe uMoya oNgcwele uqinisile." Kodwa uma uthola lololwazi futhi uphume endundumeni yomlotha, futhi uthola isambulo sikaNkulunkulu, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, ungamemeza uthi, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona, ngoba Uphila kimi!"

80 UPetru wathi, "Ngizohamba ngiyodoba." Abaphostoli bathi, "Ngikholwa ukuthi ngizohamba nawe." Futhi nakho kwakukhona indunduma yabo yomlotha, ezansi lapho phakathi nolwandle, nenkinga iqhubeka ngendlela ebingayo. Futhi ngiyamuzwa omunye wabo ethi, "O, kwenzeke kanjani, Petru na? Bekungaba kanjani yinto enjalo ukuthi iNdoda enjengaleyo ingafa na? Wayengafakwa kanjani ethuneni ngendlela Ayeyiyo na? Wayengama kanjani ukuba abavumele bamkhafulele ebusweni baKhe futhi bahluthule itshebe, babeke lowomqhele ekhanda laKhe na? Wayengakwenza kanjani lokho, o, futhi aqhubeke nokuba nguNkulunkulu na? Angikwazi nje ukukuqonda." O, ukuphoxeka okunje pho!

81 Khona manjalo, babuka ngale ogwini, uhlobo olufanayo nje lwesambulo uJobe ayenaso, lapho bebona lokho uJobe akubona eminyakeni eyizinkulungwane ezine ngaphambili. Nakho kumi uMhlengi, ephila futhi efreshi, eme ogwini. Nomlilo ubasiwe, nenhlanzi iphekwe kuwo kanjalo, futhi wathi, wabamema.

> UJesu unetafula elidekiwe
> Lapho abangcwele bakaNkulunkulu bondliwa khona,
> Umema abantu baKhe abakhethiweyo "Wozani nidle;"
> Ngemana yaKhe Uyondla
> Futhi uhlinzeka sonke isidingo sethu;
> O, khona, kumnandi ukudla noJesu ngaso sonke isikhathi!

Singakucabanga kanjani lokho, ukuthi kuzithathe kanjani lezo zinto ezinkulu!

82 Kanjani ukuthi i. . . UPawulu umphostoli, lowomphostoli omkhulu owedlule esikhathini sakhe senkathazo lapho ebona ukufa kukaStefani; futhi ebubonile ubuso bakhe obuncane bubuka ngaseZulwini, namatshe emshaya ebusweni, futhi wabuka phezulu wayesethi, "Ngibona amaZulu avulekile. Ngibona uJesu eme ngakwesokunene sikaNkulunkulu." Wathi, "Nkosi, ungababaleli lesisono." NoPawulu ebambe amajazi, okwakumbeke amaviki ngamaviki phezu kwendunduma yomlotha, ehamba eya emuva naphambili; waze, umqondo waKhe wawungcolisiwe, kwaze kwaba yilapho waba sendleleni yakhe ehlela eDamaseku, ukuzama ukulwela indlela yokuphuma, njengendoda eya ebhodleleni likagologo, izama ukuminzisa usizi lwayo.

83 Wayephakathi kulokho, lapho kufika iPhimbo livela eZulwini, ukuKhanya okukhulu okukhanyayo kwathi, "Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?" WaMbona. WaMqonda, ukuthi WayenguJesu ovusiwe, Lowo ayekubonile ukufa kwakhe, wavuswa futhi.

84 O, ngiyayikhumbula impilo yami uqobo, endleleni eya ekubhujisweni, lapho ngezwa iPhimbo elimnandi, "NginguJesu. Ngangifile, Ngiyaphila kuze kube phakade. Ngoba ngiyaphila Mina, ungaphila nawe." Kusukela ngalesosikhathi, ngibeka isandla sami kwesaKhe, ngaMethemba kuzozonke izindawo ezimnyama. Uma izikhathi zifika lapho ngingaboni khona, indlela engiya kuyo, ngisaMethemba.

85 Lonke ikholwa elingumKristu lifanele liphushelwe kulezo zivivinyo. Lonke ikholwa elingumKristu lifanele libekwe endundumeni yomlotha, ukuze likwazi ukuza ngaphambili linolwazi, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona!"

86 Asizi lapha kulokhu ukusa ukuba sihlale nje futhi sikhulume ngolunye udaba lomlando, okuyiqiniso konke, kepha siza lapha nobufakazi kulokhu ukusa, "Ngiyazi ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu, ngikwazi ngaphandle kwanoma yiliphi ithunzi lokungabaza! Ngiyazi ukuthi Wavuka kwabafileyo, futhi Uphila ngaphakathi kimi namhlanje. Ungowami nami ngingowaKhe. Ngiyindlalifa kanye naYe, eMbusweni kaNkulunkulu."

87 IPhasika! IPhasika iletha into enkulu, uvuko, ithemba elisha. Ngabe unalo kulokhu ukusa na? Ngabe lisenhliziyweni yakho na? Uyazi yini ukuthi uMhlengi wakho ukhona, futhi Wenza konke kusebenzelane ndawonye na?

88 Wena uthi, "Mfowethu Branham, ngihlezi lapha, ngilinde umugqa womkhuleko."

89 UNkulunkulu usebenza lokho nje ncamashi kube ngokuhle. Kungani lowomfana omncane oligugu, ngolunye usuku, eshaywe ngobumpumputhe ngenkathi ezalwa na? Ukuze uNkulunkulu athole udumo futhi agumbuqele idolobha libheke phansi.

Impela, uNkulunkulu uyazi ukuthi Wenzani. UNkulunkulu uyazi. Futhi Usibeka endundumeni yomlotha, ukuze asibonise inkazimulo yaKhe.

90 Ngakho, kulokhu ukusa ngisho lokhu, mngani. Emva kweminyaka engamashumi amathathu nanye enkonzo, emva kweminyaka engamashumi amathathu nanye yokukhandleka kwasensimini, ngifuna ukwethula ubufakazi bami kulokhu. Ngikubonile ukuphoxeka okuningi. Ngisibonile isikhathi lapho ngicele izinto, futhi ngakhalela izinto, futhi nginxiba izinto, futhi ngehluleka ukuzithola. Kodwa uma ngimile ngalinda ngokubekezela kuNkulunkulu, khona-ke ngiyazi ukuthi kusebenza kahle impela nje, kuphuma kahle impela, kwenza nje ncamashi into efanele.

91 Ngenkathi ngilahlekelwa yingane yami, uSharon wami omncane, mina . . . lokho kwaba yinto yinye nje eyangikhubekisa. Ngathi, "Lokhu kungasebenzelana kanjani kube ngokuhle na? Kungaba ngokuhle kanjani na?" Futhi izinyanga kamuva, lapho ngimbona eme lapho kubo bonke ubuhle bentombazane esencane, ekhuluma kimi, eme eceleni kwaleyonqola endala ephukile, lapho. Ngazi, ukube wayeke waphila, kungenzeka ukuthi wayeyophendukela kokungalungile. UNkulunkulu kwadingeka amthathe esenesisa futhi ekahle. Ngiyazi ukuthi ngiyophinde ngimbone futhi. Ngiyazi ngiyakumbona, ngikwazi ngaphandle kwanoma yiliphi ithunzi lokungabaza.

92 Ngicabanga ngomkami oneminyaka engamashumi amabili nambili ubudala, ethathwe, esecishe abe yintombazane nje, umama omncanyana lapho. Lapho amaphepha anikeza isihlokho lapha, "UMama osemusha, umfundisi . . ., usanda kufa nje," o, inhliziyo yami yopha kanjani! Ngangingazi ukuthi ngifanele ngenzeni.

93 Kodwa namhlanje ngiyazi ukuthi konke kwakusebenza kahle ukuba kusize mina. Ngiyazi impilo yayidingeka igaywe, futhi isonteke, futhi ikhanywe, ukuthola okwakuphakathi kuyo, kuphume. KwakunoBranham kakhulu phakathi lapho, kwadingeka akhanywe aphume phambi kokuba uNkulunkulu Azibonakalise.

94 Kwakunokuningi kakhulu kobuwena kuwe, kwaze kwadingeka ukuba uNkulunkulu akukhame kuphume, ngezivivinyo. Futhi ngenkathi lokho kukhanywa kwakuza, kunzima. Kodwa emva kwesikhashana, izibhakabhaka ziyembuleka, bese-ke ubona injongo kaNkulunkulu. Bese-ke ukhala, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona, futhi ezinsukwini zokugcina Uyoma emhlabeni! Nakuba izibungu zesikhumba zibhubhisa lomzimba, kepha nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu!" Lezizivivinyo ezincane nezinto ezesikhashana nje, futhi ziyashabalala futhi zedlule. Kodwa

zenzelwe ukukusiza kuphela, asikukhumbule lokho, ukuba uNkulunkulu athole udumo.

95 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzu nje. Ngifuna ukubuza, ngaphambi komkhuleko, ngabe ukhona olapha ongathanda ukukhunjulwa ezwini lomkhuleko ngaphambi kokuba sivale na? UNkulunkulu akubusise. Bangaki phakathi lapha abangathi, "Ngifuna uNkulunkulu, ehoreni lesilingo sami manje, ukunginika ulwazi olusha, ukuthi ngingeza ngaphambili ngibemusha futhi"? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngifuna—ngifuna lokhu kube uvuko kimi, iPhasika, ukuvusa kimi amathemba amasha namandla amasha, impilo entsha nenjabulo entsha." INkosi inibusise, bantu bami abathandekayo.

96 O, Nkulunkulu wethu noMsindisi wethu, sibonga kakhulu kuWe ngaleliPhasika, ngalokho elikushoyo ezinhliziyweni zethu. Futhi ngokukholwa, ngaleya, ngaphesheya kwezwe, singabona ukuFika kweNkosi, uJesu, njengoba Ezilungiselela yeNa uqobo manje, egqoka izembatho zaKhe zobukhosi. Futhi, iBandla liyagqoka, uMyeni umgqokisa ingubo yaKhe yomshado. Kulungiselela ukuba nokuhlangana okukhulu maduzane impela.

97 Lendunduma yomlotha ingeke ime kuze kube phakade. Lapho sizwa abantu behleka, behlekisa ngathi, futhi besibiza ngalelogama elihlambalazayo "abagingqiki abangcwele," futhi behlekisa ngathi, futhi bathi asiphili ngisho kahle engqondweni, o, kungeke kwahlala sonke isikhathi, Nkosi. Kodwa asibe njengoJobe, sibambe ubufakazi bethu, asibe njengoDanyeli emphandwini wezingonyama, noma abantwana bamaHeberu esithandweni somlilo, noma uAbrahama ohambweni lwakhe.

98 Sisize, O Nkosi, ukuba sime siqinisile size sibone leyonto enhle kakhulu yenzeka, "Lapho icilongo liyokhala, nabafile kuKristu bayovuka; thina esisaphila futhi sisasele siyoguqulwa, ngomzuzwana, ngokuphazima kwe, iso." Liyobe selifika-ke leloPhasika lethu, lokho uKristu akujabulela eminyakeni ethile engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlula kulokhu ukusa, futhi wathi, "Ngenxa yokuthi ngiyaphila Mina, niyaphila nani."

99 "LoJesu ofanayo, owakhushulwa phakathi wethu, uyobuya nje ngendlela Ahamba ngayo." SiyoMbona, ngisho naso sonke isibazi esandleni saKhe naso sonke isibazi seva ekhanda laKhe. SiyakuMbona.

> O, ngiyakuMazi, ngiyakuMazi,
> Futhi ngihlengiwe ngiyakuma eceleni kwaKhe.

100 Yebo, Nkosi, inhliziyo yami ehluphekile, lapho lomzimba wami obuthakathaka usuqala ukugoba ngaphansi komthwalo, izinkathazo nokukhandleka kwamasimu okuvuna, amasimu ezithunywa zenkolo, nokwehla nokwenyuka, nokuphikisana

phakathi kwabashumayeli abanenkani, nokunye nokunye, ngapesheya kwendawo, nabantu beklolodela, namandla amabi. Kodwa, O Nkosi, ngoluye usuku siza njengo-Elija, ezansi emfuleni; buka ngalapho, kuboshwe kuzo zonke isihlahla, inqola yomlilo ezosithwala sihambe. Sazise ukuthi lezi zindunduma zomlotha ziyiveyili nje kuphela yokusifihla kuleyonto enkulu esihlalele ngaphambili, leyonkazimulo enkulu.

101 Kwangathi singahlala sethembekile njengoJobe, size sikwazi ukuMbona, ubuso nobuso. Kwangathi singethembeka njengoba iNkosi yethu yayinjalo, eyisibonelo sethu, ukuya eKalvari; futhi, silungela ukubethelwa, futhi sibethelwe kanye naYe, kuze kube novuko empilweni yethu. Siphe khona, Nkosi.

102 Kwangathi, uma ekhona noma yimuphi umklolodi lapha, okwakunjengoPawulu wasendulo, okwahlekiswa ngaye, kwangathi bengathola iPhasika endleleni yabo eya ekhaya kulokhu ukusa. Siphe khona, Nkosi.

103 Siyakhuleka, Nkosi, ukuthi labo abasendundumeni yomlotha wokubhujiswa, indunduma yomlotha yokugula, ukuthi leli kuzoba yihora abazokhululwa ngalo.

104 Izolo ebusuku, ngikhuluma nalowo wesifazane omncane ngaphandle kwenqola, nomyeni wakhe; ukuthi kwenzeka kanjani ngaleya ePhoenix, esimeni esibucayi kakhulu, naleyomidlavuza emikhulu ihlezi phezulu lapho kubo, futhi manje namhlanje ukahle kakhulu futhi uphilile. Nengane encane ebizokhishwa inhliziyo yayo, ihleli lapha esakhiweni kulokhu ukusa, iphile saka, ikahle. Umfana omncane oyimpumputhe owake wahamba ebumnyameni futhi engakaze akubone ukukhanya kwelanga, uyahamba namhlanje futhi ubona ukukhanya kosuku. Futhi, O, Nkulunkulu, siKubonga kanjani ngalokhu pho! Futhi konke kubuke ngale kweveyili, kulolosuku olukhulu lovuko. Siphe khona, Baba. Futhi benze bazi ukuthi lezizinto bezifanele zibe ngaleyondlela, ukuthi laba: umfana omncane oyimpumputhe ubengabona, ukuthi umntwana omncane enenkathazo yenhliziyo angahle anikeze ubufakazi kwabanye. Zonke lezizinto zisebenzelana ndawonye zibe ngokuhle kwabaMthandayo.

105 Konke kwenziwe kwaphatheka kithi ngoba kwaba noMunye olalelayo ekuvivinyweni, kwaba noMunye Owamela ukuvivinywa, lowo kwakunguJesu. Lowo Owayelalela kakhulu uYise, uYise waze waMvusa ekuseni kwePhasika, ngoba kwakungenakwenzeka ukuba Abanjwe ngukufa. "Ngoba Angiyikuvuma ukuba ONgcwele waMi abone ukubola, kanjalo futhi aNgiyikuwushiya umphefumulo waKhe esihogweni." Ngoba, Watholakala ethembekile, njalo enza lokho okujabulisa uYise.

106 Nkulunkulu, kwangathi singahlala njalo sethembekile emsebenzini wethu esiwumiselweyo. Noma ngabe isivivinyo

sethu siyini nezinkinga zethu, noma yini, kwangathi singakwazi ukuthi, njalo, "Ngiyazi ukuthi konke kusebenzelana kube ngokuhle kwabathanda uNkulunkulu." Siphe khona, Baba.

107 Sibusisa lababantu kulokhu ukusa ngezibusiso zaKho. Bafike kuse-eli bevela ezindaweni zabo, beze etabernakele. Bezele ukuzothola induduzo. Kwangathi bangaya ekhaya kulokhu ukusa, naMandla kaMoya oNgcwele evutha ezinhliziyweni zabo, behamba emgwaqweni njengalabo abebavela e-Emawusi, bathi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhulumisana nathi endleleni na?" Siphe khona, Baba. Ngibanikela kuWe manje, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Amen.

Kulungile, Mfowethu Neville. Futhi manje khumbulani izinkonzo.

108 Ngeke sibe namakhadi omkhuleko kulokhu ukusa, ngenxa yokuthi, uma sinamakhadi omkhuleko, inqobo nje ngikwazi ukuthola abantu bame lapha kanjalo, ngizothembela kulesosiphiwo. Ngifanele ngibe nendawo ngize ngibeke lokho eceleni, lapho ngingakwazi ukuphuma lapha futhi ngikwazi...Ngiyesaba. Ngibonakala nginokwesaba, futhi ngesaba ukuthi ngizokwenza iphutha. Ukwehlulwa empini, akusikho ukulahlekelwa yimpi. UPatton wehluleka ezimpini eziningana, kodwa akazange alahlekelwe yimpi. Kunjalo. Futhi siyohlulwa ezimpini eziningi kakhulu, nathi, kodwa singeke silahlekelwe yimpi. Ngizokwenza amaphutha amaningi, kodwa ngingeke ngalahlekelwa yiMbangela. UNkulunkulu wapha, futhi uNkulunkulu uzokunakekela. Ku—kulugcobo. Futhi manje sekuyisikhathi, ngikholwa ukuthi sekuyihora, futhi sengiyaqala, kuyileliPhasika namhlanje, ngizohamba—ngihambe nje njengoba ngenzile lapho ngikhulekela abagulayo. Futhi uma ngingakwazi...Kulugcobo. Kuyinto ethize efanele yenzeke ngaphakathi kimi. Angikayejwayeli kakhulu. Iza ngendlela enjalo, mina mhlawumbe ngingahle ngingakwazi ukuyizwa kahle, kodwa ngifanele ngiqhubeke nayo ngize ngiyazi sonke isikhathi. Ngakho-ke lolu kuzoba usuku engizozama ngalo, ngomusa kaNkulunkulu.

109 INkosi inibusise manje. Mfowethu Neville. Futhi izinkonzo zizoqala ligamenxe ihora lesishiyagalolunye. Mfowethu Neville.

*NGIYAZI* ZUL60-0417S

(I Know)

UMLAYEZO WEPHASIKA

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto lePhasika ekuseni ekuphumeni kwelanga, ngo Apreli 17, ngo 1960, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2018 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE

58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE

REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org

